

**25 YEARS**  
ANNIVERSARY  
*At Your Service* 1997 - 2022

 **SARS**  
*At Your Service*

Lo mhlahlandlela ophathekayo wakwaSARS wenzelwe ukukunika amazwibela emininingwane esemqoka emayelana nentela, intelo kanye nenteliso konyaka wezi-2022/23.

## **INTEL A YEMALINGENISO: ABANTU-SIQU NAMATHRASTI**

Isilinganisonani sentela kusukela mhla lu-1 kuMashi 2022 kuya kumhla zingama-28 kuNhlanja 2023:

Abantu siqu namathrasti akhethekile

Imalingeniso Etheliswayo (R)	Isilinganisonani sentela (R)
1 – 226 000	18% wemalingeniso etheliswayo
226 001 – 353 100	40 680 + 26% wemalingeniso etheliswayo elingaphezulu kuka 226 000
353 101 – 488 700	73 726 + 31% wemalingeniso etheliswayo engaphezulu kuka 353 100
488 701 – 641 400	115 762 + 36% wemalingeniso etheliswayo engaphezulu kuka 488 700
641 401 – 817 600	170 734 + 39% wemalingeniso etheliswayo engaphezulu kuka 641 400
817 601 – 1 731 600	239 452 + 41% wemalingeniso etheliswayo engaphezulu kuka 817 600
1 731 601 nangaphezulu	614 192 + 45% wemalingeniso etheliswayo engaphezulu kuka 1 731 600

**Amathrasti ngaphandle kwalawa akhethekile: Isilinganisonani seNtela 45%**

### **Izaphulelo**

Okokuqala R16 425

Okwesibili (Abaneminyaka engama-65 nangaphezulu yobudala) R9 000

Okwesithathu (Abaneminyaka engama-75 nangaphezulu yobudala) R2 997

**Ubudala Umkhawulo Wentela**

Ngaphansi kuka-65 ubudala R91 250

Abano-65 kuya ngaphansi kuka-75 ubudala R141 250

Abano-75 nangaphezulu R157 900

## Intel Yesikhashana

Umkhokhinta wesikhashana kuba namuphi umuntu othola enye imalingeniso kumqashi ongabhalisiwe, noma imalingeniso engewona umholo noma imadlana noma isabelo ngaphambi kwesikhathi ekhokhwa umphathi womuntu lowo. Umuntu loyo akakhokhiswa intel yesikhashana uma lowo muntu engaqhubi bhizinisi futhi imalingeniso yakhe etheliswayo:

- ingezi kumkhawulo wentela wangalowo nyaka wentela; noma
- alithole ngenzalo, izabelo, izabelo zasemazweni, ngerenti yokuqashisa ngesakhiwo esimile kanye nomholo ovela kumqashi ongabhalisiwe lizokuba ngu-R30 000 kumbe ngaphansi kulowo nyaka wentela.

Amafomu emininingo yentela yesikhashana aveza isilinganiso sesamba semalingeniso etheliswayo onyakeni wokuhlola adingeka kulabo abangabakhokhinta besikhashana.

Izimpahla/ifa likamufi akungeni kubakhokhinta besikhashana.

### Imihlomulo yokuthatha isamba sesikhwama soMhlalaphansi

Imalingeniso Ethelis-wayo (R)	Isilinganisonani sentela (R)
1 – 25 000	0% wemalingeniso etheliswayo
25 001 - 660 000	18% wemalingeniso etheliswayo engaphezu kuka 25 000
660 001 - 990 000	114 300 + 27% wemalingeniso etheliswayo engaphezu kuka 660 000
990 001 nangaphezulu	203 400 + 36% wemalingeniso etheliswayo engaphezu kuka 990 000

Imihlomuloyokuthathaisambasesikhwamasomhlalaphansi iqukethe isamba esivela kwimpesheni, ekulondolozeni impesheni, kwisabelo sokuhlinzekela, ukulondolozwa kwesikhwama sokuhlinzekela noma esikhwameni sezinkokhelo zomhlalaphansi lapho uyithatha (kubandakanya nomyalelo wokudonsa okumayelana nezahlukaniso zomshado).

Intelala yomhlomulo wokuthatha isamba sesikhwama somhlalaphansi (isamba x) ilingana:

- nentela ebawo ngokusetshenzisa kwethebula lentela esilinganisweni sesamba X, sihlanganiswe neminye imihlomulo yokuthatha esikhwameni somhlalaphansi eqongelelwwe kusukela ngoMashi ka-2009, neqongelelwwe kusukela ku-Okthoba 2007, kanye nemihlomulo wokuyeka emsebenzini eqongelelwwe kusuka ngoMashi ka-2011; kususwe
- nentela ekhishwe ngokusetshenzisa kwethebula lentela esilinganisweni sayo yonke imihlomulo yokuthatha esikhwameni somhlalaphansi eqongelelwwe andukuba kube nesamba X kusukela ngoMashi 2009, yonke imihlomulo yokuthatha isamba esikhwameni somhlalaphansi eqongelelwwe kusuka ku-Okthoba 2007, kanye nayo yonke imihlomulo wokuyeka emsebenzini eqongelelwwe kusuka kuMashi 2011.

### **Imihlomulo Yesikhwama Somhlalaphansi noma umhlomulo wokuyeka emsebenzini**

Imalingeniso Etheliswayo (R)	Isilinganisonani sentela (R)
1 – 500 000	0% wemalingeniso etheliswayo
500 001 - 700 000	18% wemalingeniso etheliswayo engaphezu kuka 500 000
700 001 – 1 050 000	36 000 + 27% wemalingeniso etheliswayo engaphezu kuka 700 000
1 050 001 nangaphezulu	130 500 + 36% wemalingeniso etheliswayo engaphezu lu kuka 1 050 000

Imihlomulo yesamba sesikhwama somhlalaphansi iqukethe isamba esivela kwimpesheni, ekulondolozeni impesheni, kwisabelo sokuhlinzekela, ukulondolozwa kwesikhwama sokuhlinzekela noma esikhwameni sezinkokhelo zomhlalaphansi noma esikhwameni somhlalaphansi uma ushona, uthatha umhlalaphansi kumbe ekumisweni ngenxa yokufinyelela eminyakeni yobudala engama-55, ngenxa yokugula, ingozi, ukulimala, ukuxhwala, ukudilizwa noma ukumiswa kwelungelo lokuhweba lomqashi.

Imihlomulo wokuyeka emsebenzini iqukethe isamba esivela kumqashi noma esihlelwe nomqashi ngenxa yokudilizwa, ukumiswa kwenkontileka, ukulahlekelwa, ukuchithwa, ukuhoxiswa noma ukuguqulwa kwesimo sokuqashwa komuntu noma somsebenzi wakhe. Intel a yomhlomulo wesamba sesikhwama somhlalaphansi kanye nomhlomulo wokuyeka emsebenzini (okuyisamba noma imihlomulo wokuyeka emsebenzini Y) ilingana:

- nentela ehlonzwe ngokusetshenzisa kwethebulu lentela kwisilinganiso sesamba esingu-Y kuLanganisa nayo yonke imihlomulo yesamba sesikhwama somhlalaphansi esiqongeletelewe kusuka ngo-Okthoba 2007, kanye nemihlomulo yokuthatha isamba sesikhwama somhlalaphansi esiqongeletelewe kusuka ngoMashi 2009, kanye nayo yonke iminye imihlomulo wokuyeka emsebenzini eqongeletelewe kusuka ngoMashi 2011; kususwe
- nentela ekhishwe ngokusetshenzisa kwethebulu lentela esilinganisweni sayo yonke imihlomulo yokuthatha esikhwameni somhlalaphansi eqongeletelewe andukuba kube nesamba Y kusukela ngo-Okthoba 2007 kanyenayoyonke imihlomulo yokuthathaisamba esikhwameni somhlalaphansi eqongeletelewe kusuka kuMashi 2009 kanye nayo yonke imihlomulo wokuyeka emsebenzini eqongeletelewe ngaphambi komhlomula Y kusuka ngoMashi ka 2011.

## **Imihlomulonzuzo**

- Izabelo ezitholwe ngabantu abavela ezinkampanini zaseNingizimu Afrika imvamisa zivamise ukuxolelwa kwintela yemalingeniso, kepha intel a yomhlomulonzuzo (dividends tax) eseizingeni lika-20% ibanjwa yizikhungo ezikhokha leyomihlomulonzuzo kubantu. Imihlomulonzuzo etholwe ngumhlali waseNingizimu Afrika isuka kwi-REIT (izinkampani ezigunyaziwe nezisohlwini lwezinkampani ezingabanini zakhiwo) zona ziyatheliswa intel a yemalingeniso kanti abangebahlahli bethole lemihlomulonzuzo bona babhekene nentela yomhlomulonzuzo.

## Imihlomulonzozo evela ngaphandle

- Iningi lemihlomulonzozo evela ngaphandle etholwe ngabathile ivela ezinkampanini ezivela ngaphandle (ukuba namasheya angaphansi kuka-10% enkampanini yasemazweni) ziyathelelw ngezinga eliphezulu okuyilona elisebenzayo lika-20%. Akukho kubanjelwa okuvunyelwe ezindlekweni zokukhiqiza imihlomulonzozo evela ngaphandle.

## Ukungatheliswa kwenzalo

- Inzalo evela emthonjeni oseNingizimu Afrika ezuzwe ngumuntu ngokwendalo ongaphansi kuka-65 ubudala, efnyelela ku-R23 800 ngonyaka, neyabantu abangaphezu kuka-65 ubudala, efnyelela ku-R34 500 ngonyaka, kayitheliswa imalingeniso.
- Inzalo ezuzwe ngongemhlali, ongekho ngesiqu eNingizimu Afrika okungenani izinsuku ezili-182 esithubenit sezinyanga ezili-12, andukuba inzalo ibe nokhulonqwabelwano futhi isikweletu okuvela kuso inzalo singekaxhumani ngokuphelele nendawo emileyo yebhizinisi eNingizimu Afrika, yona ayitheliswa imalingeniso.

## Ukubanjelwa

### Izinkokhelo zesikhwama somhlalaphansi

- Isamba semali efakwe esikhwameni sempesheni, sokuhlinzekela kanye nesomhlalaphansi onyakeni wokuhlola siyabanjelwa ngamalungu alezo zikhwama. Imali ekhokhwe ngabaqashi kanye nemihlomulo eyongeziwe ethelayo kuthathwa njengezinkokhelo ezenziwe ngabasebenzi siqu sabo. Ukubanjelwa lokho kugcina ku-27.5% womholo ngenhloso ye-PAYE noma imalingeniso etheliswayo (kokubili kushiya ngaphandle isamba esiphuma esikhwameni somhlalaphansi kanye nemihlomulo yokuyeka emsebenzini). Ukubanjelwa kuphinde kume emkhawulweni ka-R350 000 noma u-27.5% wemalingeniso etheliswayo ngaphambi kokufakwa

kwenzuzo yengqalabhinisi etheliswayo. Ezinye izinkokhelo ezidlulele kule mikhawulo ziyodluliselwa onyakeni olandela loyo wokuhlola futhi ziyothathwa njengezikhokhwe ngonyaka olandelayo. Isamba esidluliselwe sincishiswa ngokukhokhwe kanye nesamba somhlalaphansi kanye nezinkokhelo zanyanga zonke zesikhwama somhlalaphansi.

### **Izindleko zezokwelashwa nezokukhubazeka**

Ukuze bahlonze intela okumele ikhokhwe, abantu bavunyelwe ukubamba:

- Izinkokhelo zanyanga zonke zesikhwama sezempilo (isephulelo sentela esibizwa ngomhlomulo wentela wezinkokhelo zesikhwama sezokwelapha) ezifinyelela ku R347 kubantu ababili bokuqala abakhokhelwe kuleso sikhwama sezokwelashwa kanjalo no-R234 kulowo ongumhlomuli owengezayo; futhi
- ezimweni lapho:
  - » kungumuntu oneminyaka engaphezu kwengama-65 ubudala, noma uma umuntu yena uqobo, owakwakhe, umntwana wakhe bengabantu abaphila nokukhubazeka, basusa u-33.3% wesamba sezindleko zezokwelashwa ezikhokhiwe kanye nezithwalwe ngumuntu buqobo kanye nesamba okungaso izinkokhelo zesikhwama sezokwelashwa ezikhokhiwe ngumuntu zidlula ngokuphindwe ka-3 umhlomulo wentela wezindleko zesikhwama sezempilo walowo nyaka wentela; noma
  - » komunye umuntu, u-25% omunye umuntu buqobo, kube ngu-25% wesamba esilingana nesamba sezindleko zezokwelashwa ezifanelekile nezithwalwe nguye kanjalo nesamba okuyisona Izinkokhelo zesikhwama sezempilo ezikhokhwe ngumuntu zidlulelangokuphindwe kane emhlomulweni wezentela wezindleko zesikhwama sezempilo, kugcine kumkhawulo oyisamba esidlula ngo-7.5% wemalingeniso etheliswayo (kushiya ngaphandle imihlomulo yesamba kanye neyokuyeka emsebenzini).

## Iminikelo

- Ukubanjelwa okumayelana neminikelo eya ezinhlanganweni ezizuzisa umphakathi yona ikhawuleka ku-10% wemalingeniso etheliswayo (kushiya ngaphandle isamba somholo esiphuma esikhwameni somhlalaphansi kanye nemihlomulo wokuyeka emsebenzini). Isamba seminikelo esidlula ku-10% wengeniso elithelayo sithathwa njengomnikelo ofanelekile onikwe Inhlangano ezuzisa umphakathi onyakeni olandelayo wentela.

## Izimalisabelo

### Izimalisabelo kanye nemali oyinikwa ngaphambili yokuphila

Lapho oyitholayo ephoqelekile ukuba achithe okungenani ubusuku obubodwa ekude nendawo yakhe evamile yokuhlalangenxayebhizinisi futhiindawoyokuhlalaokukhishwengayolessabeloilaphaeNingizimu Afrika futhi imalisabelo noma imali oyinikwa ngaphambili ikhishwe ukuze akhokhele ukudla kanye nezindleko ongena kuzo ngohambo lokusebenza, inani, elishicilelw kusizindalwazi sakwa-SARS ku [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za), ngaphansi kweSeluleko sezomthetho / umthethonqubo wesibili / Izaziso zeNtela Yemalingeniso/Ukutholakala kwenani lansukuzonke ngokwezidlo nezindleko ezingalindelekile, kuthathwa njengosetshenziswe ngosuku ngalunye.

Lapho indawo yokuhlala ekhishelwe imalisabelo ingekho lapha eNingizimu Afrika, kuba nemali ethile ebukeka njengechithiwe ngezwe ngalinye. Imininingwaneyalesonalesosambaishicilelw kusizindalwazi sakwaSARS ngaphansi kwezaziso ngaphansi kwezaziso zeSeluleko sezomthetho / umthethonqubo wesibili/seNtela Yemalingeniso

/ Ukutholwa kwenani lansukuzonke ngokwezidlo nezindleko ezingalindelekile.

Lapho oyitholayo ngenxa yomsebenzi wehhovisi lakhe noma lomsebenzi ephoqelekile ukuba achithe okungenani ingxenye yosuku engekho endaweni yakhe yokusebenza evamile, imali azobuyiselwa yona noma imali yezindleko ayinikwe ngaphambi kohambo iyaxegiswa uma lowo oyitholayo evunyelwe umphathi wakhe ukuthi athwale lezo zindleko zokudla kanye nezindleko angena kuzo ngohambo lolo

engxenyen i yosuku kanti inani lezindleko lingevile enanini elishicilelwe kusizindalwazi sakwaSARS ku [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za), ngaphansi kweSeluleko sezomthetho / umthethonqubo wesibili / Izaziso zeNtela Yemalingeniso / Ukutholwa kwenani lansukuzonke ngokwezidlo nezindleko ezingalindelekile.

### **Imalisabelo Yokuhambelo**

- Amanani ngekhilomitha ngalinye, angasetshenziselwa ukubala ukubanjelwa okuvunyelwe okumayelana nokuhambela kwezebhini si kuqhathaniswa nemalisabelo noma lapho izindleko ngqo zingafakelwanga sicelo, abalwa ngokusebenzia leli thebula elishicilelwe kusizindalwazi sakwa-SARS esithi [www.sars](http://www.sars), ngaphansi kweSeluleko sezomthetho / umthethonqubo wesibili / Izaziso zeNtela Yemalingeniso / ukungaguquki kwesilinganisonani ngekhilomitha ngalinye uma kukhulunywa ngezimoto.

### **Qaphela:**

- U-80% wezabelo zokuhambela kufanele ufa kwe emholweni womsebenzi ngenhloso yokubala i-PAYE. Izinga lamaphesenti lincishiwa libe ngu-20% uma umqashi enelisekile ukuthi okungenani u-80% wezikhawu zokusebenza kwemoto onyakeni wentela kuzokuba maqondana nokwebhizinisi.
- Akukho zindleko zesinikimandla ezingafakelwa isicelo sokukhokhelwa uma umsebenzi engazange azithwale ngokugcwele ezesinikimandla esisetshenziswe emotweni futhi akukho zindleko zokunakekela ezingafakelwa isicelo sokukhokhelwa uma umsebenzi engazithwalanga ngokugcwele izindleko zokunakekela isithuthi (isib. uma isithuthi singaphansi kohlelo lokunakekela).
- Izindleko ezingaguquki kufanele zincishiswe ngohlelo lokukhokha ngaphambilini i-pro-rata uma isithuthi sisetshenziselwa izinhlelo zebhezinisi isikhathi esingaphansi konyaka ogcwele.
- Ibangangqoelihanjiweonyakeni wentela kanye namabanga ahanjwe ngenhloso yebhizinisi nokufakazelwa yi-logbook kusetshenziselwa

ukuhlonza izindleko ezingafakelwa isicelo sokukhokhelwa ngaphansi komhlomulo wokuhambelo.

### **Kungenjalo:**

Lapho imalisabelo noma imali oyinikwa ngaphambili kohambo kuncike ebangeni ngqo elihanjwe isisebenzi ngehloso yokuyokwenza umsebenzi, akukho ntela ethelwayo kwimalisabelo umqashi asikhokhela isisebenzi kuze kube sesilinganisweni esishicilelwe kusizindalwazi sakwa-SARS esithi [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za), ngaphansi kwezaziso zeseluleko sezomthetho / umthethonqubo wesibili / izaziso zeNtela Yemalingeniso / ukungaguuki kwesilinganisonani ngekhilomitha ngalinye uma kukhulunywa ngezimoto, akukhathaleki ukuthi isithuthi sinanani lini.

Nokho-ke lomgudu omunye awukho uma ezinye izinkokhelo ezingumholo noma imalisabelo (ngale kwezindleko zomgwaqo nezokupaka) uzithole kumqashi ngokuhambisana nokusebenzisa isithuthi.

### **Okunye ukubanjelwa**

Ngale kokubanjelwa okubalulwe ngenhla umuntu angafaka isicelo sokukhokhelwa akubanjelwe ngokuhambisana nengenisomali noma imalisabelo ezimweni ezithile ezibalekayo, isib. izikweletu ezingakhokheleki uma kukhulunywa ngomholo.

### **Imihlomulo Eyongeziwe**

#### **Izimoto Zomqashi**

- Inani elithelayo liba ngu-3.5% wenani elibaliwe (izindleko ezingukheshi kubandakanya ne-VAT) ngenyanga ngesithuthi ngasinye. Lapho isithuthi:
  - singaphansi kohlelo lokunakekela lapho umqashi esithenga inani elithelayo liba ngu-3.25% wenani elibaliwe; noma
  - sitholwe ngumqashi ngaphansi kwesivumelwano sokusiselana

inani elithelayo liba yizindleko ezithwalwe ngumqashi ngaphansi kwesivumelwano sokusiselana zihlanganiswe nezindleko zikaphethilomu.

- U-80% wemihlomulo eyongeziwe kufanele ibandakanywe emholweni womsebenzi ngenhloso yokubala i-PAYE. Izinga lamaphesenti lincishiswa libe ngu-20% uma umqashi enelisekile ukuthi okungenani u-80% wezikhawu zokusebenza kwemoto onyakeni wentela kuzokuba maqondana nokwebhizinisi.
- Lapho kubuyekezwa imihlomulo eyongeziwe yonyaka wentela iyancishiswa ngokwezinganani lamabanga ahanjiwe ngezinhloso zebhizinisi (nokufakazelwa nge-logbook) zihlukaniswe ngebanga ngqo elihanjiwe onyakeni wentela.
- Lapho kuhlolwa okunye ukuxegiselwa maqondana nezindleko zelayisense, zomshwalense, zokulungisa kanye nezikaphethilomu uma lezo zindleko ngokugcwele zithwalwe ngumsebenzi futhi izindlela ezihanjwe ngokuzuzisa umuntu luqobo zisekelwe nge-logbook.

### **Imalimboleko engenanzalo noma enenzalo encane**

- Okuphuma uma ususa inzalo ebizwe ngezinga elisemthethweni kanye nesamba ngqo senzalo ebiziwe, kufanele kubandakanywe engenisweni-ngodla umholo uwonke.

### **Izindawo zokuhlala**

- Inani lemihlomulo eyongeziwe ezokuhlanganiswa nesamba-ngodla sengeniso ingephansi kunayo yonke imihlomulo ebalwe ngokusebenzia itulo-kubala/ifomula noma izindleko zomqashi uma umqashi engenabo ubunikazi obugcwele bendawo yokuhlala.
- Itulo-kubala lizosebenza uma indawo yokuhlala ingeyomsebenzi, kepha kalisebenzi uma kuyindawo yokuncebeleka eqashwe ngumqashi ezikhungweni angaxhumene nazo.

## INTELAYEMALINGENISO: IZINKAMPANI

Iminyaka yokuhlola ephela nganoma yiluphi usuku phakathi komhla lu-1 ku-Ephreli 2022 nomhla zingama-31 kuMashi 2023.

Uhlobo	Isilinganisonani sentela (R)
Izinkampani	28% wemalingeniso etheliswayo

Iminyaka yokuhlola ephela nganoma yiluphi usuku mhla noma emva komhla zingama-31 kuMashi 2023.

Uhlobo	Isilinganisonani sentela (R)
Izinkampani	27% wemalingeniso etheliswayo

## INTELANGENISO: IZINKAMPANI EZINCANE

Iminyaka yokuhlola ephela nganoma yiluphi usuku mhla noma phakathi komhla lu-1 ku-Ephreli 2021 nomhla zingama-31 kuMashi 2023.

Imalingeniso Etheliswayo (R)	Isilinganisonani sentela (R)
1 – 91 250	0% wemalingeniso etheliswayo
91 251 – 365 000	7% wemalingeniso elitheliswayo elingaphezu kuka 91 250
365 001 – 550 000	19 163 + 21% wemalingeniso elitheliswayo elingaphezu kuka 365 000
550 001 nangaphezulu	58 013 + 28% wenani elingaphezulu kuka 550 000

Iminyaka yokuhlola ephela nganoma yiluphi usuku mhla noma emva komhla zingama-31 kuMashi 2023.

Imalingeniso Etheliswayo (R)	Isilinganisonani sentela (R)
------------------------------	------------------------------

1 – 91 250	0% wemalingeniso etheliswayo
91 251 – 365 000	7% wemalingeniso elitheliswayo elingaphezu kuka 91 250
365 001 – 550 000	19 163 + 21% wemalingeniso elitheliswayo elingaphezu kuka 365 000
550 001 nangaphezulu	58 013 + 27% wenani elingaphezulu kuka 550 000

## INTEL A YESAMBAMALINGENISO KUMABHIZINISI AMANCANE

Iminyaka yokuhlol a ephela nganoma yiluphi usuku mhla noma phakathi komhla lu-1 kuMashi 2022 nomhla zingama-28 kuFebhruwari 2023.

Inzuzo Etheliswayo (R)	Isilinganisonani sentela (R)
1 – 335 000	0% wentela yesambamalingeniso esithelayo
335 001 – 500 000	1% wentela yesambamalingeniso esithelayo esingaphezu kuka 335 000
500 001 – 750 000	1 650 + 2% wentela yesambamalingeniso esithelayo esingaphezu kuka 500 000
750 001 nangaphezulu	6 650 + 3% wentela yesambamalingeniso esitheleyo esingaphezu kuka 750 000

## UKUSEBENZA KOKUTHELISA EZINDAWENI ZOKUHLALA

- Abahlali bathelisa engenisweni labo lasemhlabeni jikelele, ngaphansi kwemibandela yokungafakwa kokuthile. Umgomo ovamilengukuthi intelaevelangaphandlekumalingeniso elitholakale emazweni ivunyelwe njengomhlomulo enteleni ekhokhwa eNingizimu Afrika. Lokhu kusebenza kubantu siqu, ezinkampanini, kumifelandawonye emncane, kumathrasti kanye nasemafeni.

## UKUTHELISWA KWENZUZOMALI

Inzuzomali eze ngokuchitha impahla iyabandakanyeka kumalingeniso elitheliswayo.

Inani elisebenzayo lentela enkul:

Abantu siqu nezinkampani zamathrasti akhethekile	18% 22.4% (izonciphia ibe ngu 21.6%)
Amanye amathrasti	36%

Izimo ezidala ukuchithwa kwempahla zibandakanya ukuthengisa, ukunikela, ukusiselana, ukulahlekelwa, ukufa kanye nokufuduka. Okulandelayo yizimo ezithize ezingafakwa:

- Inzupo noma ukulahlekelwa okungaba ngu-R2 million lapho kuchithwa indawo yokuhlala esisekelo
- Impahla eningi oyisebenzisela ubuwena
- Imihlomula yomhlalaphansi
- izinkokhelo mayelana nemishwalense yesikhathi eside
- ukungafakwa kwenzuzomali noma ulahlekomali okufika ku-R40 000 kunikwa abantu-siqu kanye namathrasti akhethekile
- ukungafakwa kwamabhizinisi amancane kwemalinzozo kubantu (okungenani abaneminyaka engu-55 ubudala) okufika ku-R1.8 million uma kuchithwa ibhizinisi elincane linenani lasezimakethe elingevile ku-R10 million
- esikhundleni sokungafakwa ngonyaka, ukungafakwa okubekelwe abantu kungu-R300 000 onyakeni okushonwe ngawo.

## INTEL A YEMIHLOMULONZUZO

- Intel a yemihlomulonzoso yintela yokugcina kumihlomulonzoso ngesilinganiso sika-20%, ekhokhwa izinkampani zakuleli nezinkampani okungezona ezakuleli maqondana namasheya asohlwini Iwe-JSE noma ezinye izinhlelo zohweboshintshwano oluseNingizimu Afrika. Imihlomulonzoso ayitheliswa uma umhlomulilifa walowomhlomulonzoso kuyinkampani yaseNingizimu Afrika, kuyisikhwama somhlalaphansi kumbe

omunye umuntu ongatheliswa. Abahlomulilifa kumihlomulonzozo abangebona abahlali bangahlomula ngamanani ehlisiwe esilinganiso sentela ezimweni ezithile. Intel a kumele ibanjwe yizinkampani ezikhokha imihlomulonzozo etheliswayo, noma abaxhumanisi abalawulwayo esimweni lapho imihlomulonzozo zikumasheya asohlwini Iwezimakethe zezabelo. Intel a etheliswa imihlomulonzozo yesihe (ngale kwemali ezwayo) iyakhokhwa, futhi ithwalwa yinkampani edalula nekhokha imihlomulonzozo.

## **ENYE INTEL A EBOPHEZELAYO**

Ezimweni ezimbalwa, isilinganisonani sentela elisebenzayo singancishiswa ngokuhambisana nesivumelwano sentela phakathi kwezwe lokuzinza kwalowo ongemhlali.

### **Inzuzobunini (Royalties)**

- Intel a yokugcina kusilinganisonani elingu-15%, iyabizwa esambeni senzuzobunini esiphuma emthonjeni waseNingizimu Afrika nesikhokhelwa abangebahlali.

### **Inzalo**

- Intel a yokugcina kusilinganisonani lika-15%, iyabizwa enzalweni ephuma emthonjeni oseNingizimu Afrika, nesikhokhelwa ongemhlali. Inzalo ayikhokhwa uma ikhokhwa nayinoma ngeyiphi ingxenye kahulumeni waseNingizimu Afrika, ibhange, kumbe uma isikweletu sibhaliswe kuhweboshintshwano olugunyaziwe.

### **Abadlali namaciko basemazweni**

- Intel a yokugcina engu-15%, iyabizwa kumholo ophelele esikhokhelwa ongemhlali, ngemisebenzi ayenze eNingizimu Afrika njengeciko kumbe umdlali.

### **Ukuchitha impahla engenakunyakazisa**

- Intel a yesikhashana iyabanjwa egameni lomdayisi wempahla engenakunyakazisa ongemhlali eNingizimu Afrika, nezokwelekwa enteleni ejwayelekile ebizwa kulabo abangebahlali. Intel a ezokubanjwa ezinkokhelweni zalabo abangebahlali iseizingeni

lika-7.5% kumuntu ongemhlali, u-10% enkampanini okungeyona eyakuleli kanye no-15% kuthrasti engeyona eyakuleli ethengisa ngempahla engenakunyakaziswa.

## **EZINYE IZINTEL A IZINTEL O NEZINTEL ISO**

### **Intelantengo (i-VAT)**

I-VAT iyabizwa ngezinga elivamile lika-15% kubasabalalisi bempahla nemisebenzi okwensiwa ngabathengisi abagunyaziwe.

Umthengisi odayisa izinto ezithelayo ezingaphezu kuka-R1 million ngonyaka angafaka isicelo sokubhalisela intelantengo (i-VAT). Umthengisi owenza izinto ezitheliswayo ezingaphezu kuka-R50 000 kepha zingevi ku-R1 million ngonyaka angafaka isicelo sokuzibhalisa ngokuzithandela. Eminye imikhiqizo ifakwe ngaphansi kohlelo lokungabi nantela kumbe zingafakelwa i-VAT.

### **Intel Yokudlulisela (Intel Yempahla)**

Intel Yokudlulisela ikhokhwa ngalezizilinganisonani ezilandelayo uma ukuhwebelana kungekho ngaphansi kwe-VAT:

#### **Ukuthenga isakhiwo kwabantu bonke:**

Inani lesakhiwo (R)	Isilinganisonani
1 – 1 000 000	0%
1 000 001 – 1 375 000	3% wenani elingaphezu kuka R1 000 000
1 375 001 – 1 925 000	R11 250 + 6% wenani elingaphezu R 1 375 000
1 925 001 – 2 475 000	R44 250 + 8% wenani elingaphezu kuka R 1 925 000
2 475 001 – 11 000 000	R88 250 +11% wenani elingaphezu kuka R2 475 000
11 000 001 nangaphezulu	R1 026 000 + 13% wenani elevile ku R11 000 000

### **Intel Yempahla (Estate Duty)**

- Intel Yempahla ihlawuliswa empahleni yabahlali kanye nasempahleni yaseNingizimu Afrika yabangebahlahli bese kususwa okubanjwayo okuvumelekile. Intelo ihlawuliswa enanini elitheliswayo lempahla ngesilinganisonani esingu-20% ku-R30 millionwokuqala,bese kubangesilinganisonani lika-25%ngaphezulu

kuka-R30 million.

- Ukubanjelwa okuyisisekelo okungu-R3.5 million kuvunyelwe lapho kuhlonzwa ukufaneleka kwamafa ukukhokha intela yempahla kanye nokufaneleka ukubanjelwa kwezibopho, iminikelo eya ezinhlanganweni ezizuzisa umphakathi kanye nezindlu ezizosalela owakwakhe ophilayo.

### **Intelə Yeminikelo (Donations Tax)**

- Intelə yeminikelo ibizwa ngesilinganisonani lentela engaguuki esingu-20% wenani lempahla enikelwayo kusukela mhla lu-1 kuMashi 2018 engevile ku-R30 million, nangesilinganisonani esingu-25% enanini eliqongeletwayo lempahla enikelwe kusukela mhla lu-1 kuMashi 2018 elevile ku-R30 million.
- U-R100 000 wokuqala wempahla enikelwayo onyakeni ngamunye ngumuntu ngokwendalo alitheliswa intelə yeminikelo.
- Umakungumkhokhintelə ongeyena umuntungokwendalo, iminikelo engatheliswa igcina ngezipho nje ezingevi enanini eliphelele lika-R10 000 ngonyaka.
- Ukudedelelana impahla okuphakathi kwabaganeneyo naphakathi kwamaqembu ezinkampani zaseNingizimu Afrika kanjalo neminikelo eya ezinhlanganweni ezithize ezizuzisa umphakathi akutheliswa intelə yeminikelo.

### **Intelə Yokudlulisa Izasabelo**

- Intelə ibizwa ngesilinagnisonani elingu-0.25% ekudlulisweni kwezabelo ezisohlwini nezingekho ohlwini lwezimakethe. Izabelo zakhiwe ngamasheya ezinkampanini kumbe inzalo etholwa ngamalungu kumifelandawonye emincane.

### **Intelə ngokuhamba ngebhanoyi Emazweni Omhlaba**

- Ngu-R190 kumgibeli ngamunye ohambangebhanoyi eliya emazweni ngaphandle kwaya eBotswana, eLesotho, eNamibiya, naseSwatini,

nokulapho kubiza intela ka-R100.

## **Inteliso Yokuthuthukisa Amakhono**

- Inteliso yokuthuthukisa amakhono ikhokhwa ngumqashi kusilinganisonani elingu-1% wesamba somholo awukhokhela izisebenzi. Abaqashi abaholela ngaphansi kwesamba esingu-R500 000 bayaxolelwa ekukhokheni Inteliso Yokuthuthukisa Amakhono.

## **Izinkokhelo Zomshwalense Wokungasebenzi**

- Izinkokhelo zomshwalense wokungasebeni zikhokhwa nyanga zonke ngumqashi ngaphansi kohlelo oludinga 1% wezinkokhelo zomqashi no-1% wezinkokhelo zezisebenzi, kususelwa emholoweni wezisebenzi ongaphansi kwesamba semali esithile.
- Abaqashi abangabhalisiwe kwi-PAYE noma ku-SOL kufanele bakhokhe izinkokhelo kuKhomishana Wemishwalense Wokungasebenzi.

## **INZALO YAKWASARS**

Izinga lenzalo (kusukela mhla lu-1 kuFebhruwari 2022)	Rate
Imihlomulo eyongeziwe-imalimboleko engenanzalo noma enenzalo encane (isilinganisonani esisemthethweni)	5% ngonyaka
Izinga lenzalo (kusukela mhla lu-1 kuMashi 2022)	Rate
Ukukhokhwa kwentela emva kwesikhathi noma ngaphansi kwenani elibekiwe	7.25% ngonyaka

Ukubuyiselwa kwemali ekhokhwe ngaphezulu kuntela yesikhashana	3.25% ngonyaka
Ukubuyiselwa kwentela lapho ukudlulisela udaba kuphumelele noma 7.25% ngonyaka kugunyazwe ngu-SARS	7.25% ngonyaka
Ukubuyiselwa kwe-VAT emva kwesikhathi esibekiwe	7.25% ngonyaka
Ukukhokha i- VAT ngemva kwesikhathi	7.25% ngonyaka
Ulawulo Lwempahla Emngceleni neNtela yempahla	7.25% ngonyaka

# Okuqokonyisiwe **KUSABIWOMALI**

Ukuhlinzeka usizo lwentela  
ngokuhlelemba izinga lentela  
yemalingeniso kanye nezephulelo  
ngokwehla kwamandla emali




Ukuncishishwa kwentela yemalingeniso  
yenkampani ibe amaphesenti angama-27  
eminyakeni yentela ephela mhla noma emva  
31 kuMashi 2023



Ukunyuka okuphakathi kuka-4.5 kanye  
no-6.5 wamaphesenti kuzintela nezintelo  
kutshwala nakugwayi



Alukho ushintsho kunteliso evamile  
yesinikimandla - A  
nakunteliso yesikhwama sezingozi  
zomgwaqo



Ukunyusa imihlomulo yanyanga zonke  
yabaqashi ngaphansi isikhuthazi  
sentelakusebenza  
ngamaphesenti angama-50



Inteliso ekhuthaza ezempilo  
eziphuzweni inyuswe ngo-0.1 wesenti  
yaya kumasenti ama-2.31 ngegremu  
ngalinye kusukela mhla lu-1 ku-Ephreli  
2022



Inteliso yezikhwama zocwazi inyuswe  
ngamasenti  
ama-3 yaya kumasenti angama-28 isikhwama  
ngasinye kusukela mhla lu-1 ku-Ephreli 2022

